

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

43/2013: Intshumayelo ngesonto 13 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 25. 08. 2013

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 219/170
2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba, siyabonga izwi lakho elisifundisa ngomusa nangobubele bakho. Sise, usikhanyise ngalo, usiphe izinhliziy ezi nothando omunye komunye, siphathane ngomusa, siphane, kodwa singazibheki thina, sibheke umusa wakhe, siholwe yiwo, ngenxa kaJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Johane 4:7-12;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 10:25-37.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 14/25
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Ivangeli** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe ku kuMathewu 6:1-4, lithi: "Kepha qaphelani ningenzi ukulunga kwenu phambi kwabantu ukuba nibonwe yibo, funa ningabi-nawo umvuzo kuYihlo osezulwini. Ngakho-ke nxa wabela isipho, ungakhalisi icilongo phambi kwakho, njengalokhu kwenza abazenzisi emasinagogeni nasemigwaqweni ukuba badunyiswe ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini: Sebewamukele umvuzo wabo. Kepha wena, nxa wabela isipho, isandla sakho sokhohlo masingakwazi esikwenzayo esokunene, ukuze isipho sakho sibe-sekusithekeni; noYihlo obona ekusithekeni uzakukuvuza." Amen.
8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, iNkosi yethu uJesu uyasifundisa ngeziph o zethu asipha zona, ukuthi simelwe ukuzisebenzisa kanjani ekwabeleni abanye. Uyathanda kakhulu ukuba siphane, kodwa ukuphana nokwabela kwethu kuhambe ngendlela yakhe emiswe nguye, ngoba senzela yena, asenzeli ompofu nokuba abampofu, asenzeli abazali bethu nokuba abantwana bethu nabahluphekileyo, asenzeli ibandla ukuba sizibonakalise kulo, sibonwe yilo, sibongwe yilo nje. Kodwa kukhona elinye izwi elithi:

“Onomusa kompofu wetsheleka uJehova nomsebenzi wakhe uyakuwubuyisela kuye.” Ngakho senzela yena ngento yakhe asinike yona yena, ukuba siyisebenzise ngobuqotho, ngendlela yakhe. Sifanele ukufunda nokukhumbula ukuthi: Izipho zethu esinazo nemisebenzi akuyona inhlanhla yethu okumelwe sigovuke nazo, kumbe sizishaye izifuba, siphakame kakhulu, size sidume “ohlahla,” (ngisho indawo ekude kakhulu) sithi: sihlakaniphile, sikhuthele, sinenhlanhla yabangasekho, basisiza okhokho ngefa ngelami akumelwe ngixhase kumbe ngisize ngalo. Cha, kungabi njalo.

Izwi leNkosi liyasifundisa, lisikhumbuza ukuthi: “Izipho zonke ezinhle neziphiwo zonke ezipheleleyo zivela phezulu, zehla kuYise wokukhanya, okungekho kuye ukuguquka nesithunzi sokuphenduka.” Ivangeli lethu lanamuhla lifuna ukusixwayisa ukuba singangeni kulengozi yokuduma kude (ohlahla).

UJesu uxwayisa amakholwa ngokuthi:

1. Angakhalisi icilongo, nxashana abela isipho.
2. Angakhombisi isandla sokhohlo, nxashana abela isipho.

1 UJesu uxwayisa amakholwa ngokuthi: **Angakhalisi icilongo, nxashana abela isipho.** Okusho ukuthi iNkosi yeluleka ukuba singathi, uma kukhona esimuphayo, sithande ukuba kwazeke ukuthi uphiwe yithina unjenge ngami, kwaziwe izwe lonke, yimina engamthuthukisa, njengoba ngimbona enje. Lokho kubi, akwemukeleki, ngisho ngabe kuyisipho esingakanani. Yikho iNkosi exwayisa nefundisa ngakho ekubiza ngokuthi kungukukhalisa icilongo. Umona uqobo akuhlukene nomuntu ongajabuli, uma ebona omunye ethola isipho esihle, kungathi kungangaye ohamba phambili, nophezulu, njengoba akwenza abaqashwa usuku esivini, bakhonona ngomninisivini ngokubalinganisa ngabasebenze ihora elilodwa. Umninisivini wathi iso labo libi, okuyindlela yabaFarisi nabazenzisi abafuna ukubongwa ngabantu. Yebo, khona lapho-nje sebewamukele umvuzo wabo, njengenkukhu ebeka iqanda qede ikhale ithi: “Ke, ke, ke, ke ke ke, sengisebenzile, singesebenzile.” Kuzwe iqhude nabantu, nezinja ukuthi isisebenzile, kugcine khona lapho, ngoba seyaziwa yibo bonke, ngisho nezitha zayo imbala. Ngeke abe-khona amachwane. Ngani? Ngoba siyaziwa yibo bonke, kanti ethulayo ibonakale isihamba namachwane ayo. Ithola ukubongwa okuyikho ngomniniyo. INkosi ifuna indlela enjalo ukuba sibongwe yiyo engumnini wethu nowezipho zethu. “Ngiqinisile ngithi kini

sebewamukele umvuzo wabo.” Ake sihambe ngendlela yayo ukuze singawamukeli umvuzo wethu lapho kungafanele khona.

2. UJesu uxwayisa amakholwa ngokuthi: **Angakhombisi isandla sokhohlo, nxashana abela isipho.** INkosi ithi: “Kepha wena, uma wabela isipho, isandla sakho sokhohlo masingakwazi esikwenzayo esokunene.” Okusho ukuthi makangazi umakhelwane wakho, uma wena upha omunye isipho esithile, isandla sokhohlo sisho omunye umuntu, sisho wena uqobo, sisho ukuzinika udumo, sisho ukuzenzela, sisho ukuthemba nokulindela umvuzo ngomsebenzi lowo osuke sewenziwe. Kodwa kufuneka senze njengabapha abampofu nabalambileyo, nabagulayo, nabasetilongweni, benza isihawu nemfanelo yabo babangalindele lutho, banika uNkulunkulu udumo lwakhe, bamangala, uma sekuthiwa: “Wozani nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.” Bamangala, ngoba babengazi, babengalindele lutho, benze nje okubafanele. Nakithi iNkosi ifuna lokho ukuba singazi lutho ngemisebenzi yethu, singalindeli, singayethembi, noma ngayikhona kangakanani, kuphela sithi: “Asizinceku zalutho, sikwenzile nje ebesifanele sikwenze.” Kuphela nje masithokoze, intokozo yethu ibe sekutheni amagama ethu alotshiwe encwadini yokuphila. Intokozo yethu ibe sekutheni sibiziwe, simenyiwe yiyo, ukuba sihlanganyele kanye nayo, sihlangane nayo esidlweni sayo esingcwele, sithole intethelelo yezono zethu. Masiyeni kuwo yiwona umvuzo esifanele ukuwukhuthalela nokuwulindela kuqala, siwuthole, ngisho ukuthethelelwa kwezono. Masithokoze nokuthokoza ngakho, sime isibindi, ngoba lapho kukhona ukuthethelelwa kwezono ngenxa kaJesu Kristu owasifela esiphambanweni, kukhona nokuphila nobukhosi obungapheliyo futhi.

Ukuba siqonde ngokuhlukanisa esimelwe ukukwenza ekusitheni, nakho okumelwe ukwenziwa abantu babone imisebenzi emihle ukuba uBaba osezulwini adunyiswa, yikho, esisand’ ukuzwa ngokuthethelelwa izono egameni likaKristu, leliqiniso malingasitheki, kodwa limenyezelwe phambi kwabantu bonke, futhi bonke abantu bamenywe ukuba babhathizwe, noma babuyele embhathizweni wabo, nasesibikweni, nasesidlweni seNkosi. Lemisebenzi mayingenziwa ekusithekeni, kodwa yaziwe ohlahla! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Baba wethu othandekayo, siyabonga izwi lakho elihle elisifundisa ukuthi singasibheki thina ukuzizuzela nokuzitholela ngokwethu umvuzo wethu, kodwa sibheke umusa wakho, silindele wona kuphela osiphatha ngawo ngaye uJesu Kristu. Sisize

lapho ngoMoya wakho oNgcwele, Baba othandekayo osezulwini ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 336/325

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995/2001 ngu-A. N. Ntuli (†)

Ukucindezelwa nokuthunywwa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.